KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# KWAZULU-NATAL MEC FOR AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT THEMBENI KAMADLOPHA-MTHETHWA'S REMARKS DURING THE YOUTH IN AGRICULTURE PROGRAMME

Location: eMasosheni Sportfield, Jozini Local Municipality

Date: 17 December 2024

Mphathi wohlelo

His Worship, the Mayor of Jozini Local Municipality, Cllr M Mathe

USomlomo woMkhandu waseJozini

Ama councillor wonke

Ngokukhethekile intsha engabalimi baseMkhanyakude Kuhlala kuyintokozo enkulu ukuba sekhaya emizamweni yethu yokuguqula isimo senhlalo yethu ngezinhlelo zezolimo njengabantu baseJozini namaphethelo. Zolo lokhu bengiphelezela uMayor uMhlonishwa uMathe ezokwethula ngokusemthethweni izinhlelo zentuthuko ezifaka phakathi imishini namaloli alungisa umgwaqo ukuze abantu bakithi bahambe kahle ngezimoto nangezinyawo kanjalo nengqalasizinda ezokwenza kube lula ukufakelwa amanzi nezinye izinsiza zikahulumeni. Kwangijabulisa ukuba yingxenye yalolo hlelo oseluqalile ukuthela izithelo ezinhle endaweni yakithi eJozini. Ngalesithangami sokucobelelana ngolwazi siyafuna ukuthi intsha ibe wuphawu lokuhola uguquko kulomkhakha ongenabo abantu abampisholo abaningi ophinde ube nengcosana yentsha egxile kwezolimo. Siyafuna ukuba loluguquko luholwe yini njengoba sithembele kini ukuba nibe abaholi bakusasa abazoba nendaba nalomkhakha.

## RECONCILIATION DAY

Izolo mhlaka 16 December besibungaza usuku lokuBuyisana i-Reconciliation Day, okuhloswe ngalo ukuthi amabhunu nabampisholo ababengaboni ngasolinye ezindabeni ezithinta umbangazwe ngaphambili bakhumelane umlotha, bathelelane amanzi ngemuva kwesibhicongo sangonyaka u 1838, eNcome empini eyayiphakwa uDingane kaSenzangakhona phakathi kwaseNquthu naseBaqulusini. Ukunqotshwa kukaZulu lapha kwakusho ukuhlehla kwenqama, okusho ukubuya ngamandla. Sisasho namanje ukuthi intsha yakuleli ayilingise uZulu wangaleminyaka owayelwela izwe nomhlaba wakhe ze ungadliwa. Lowo mhlaba esasiwulwela njengoZulu ngo 1838 nangempi esayinqoba yaseSandlwana ngo 1879, asenze isiqiniseko sokuthi siyawulwela namanje umhlaba ngokuthi sithi igeja liphansi emhlabathini njengoba sithi phezukomkhono. Nginesiqinisekiso ukuthi uZulu ka 1838 wawunqoha nomhlaba hhayi ukuthi wawufuna ukuvikela izwe nje kuphela ngalokho kepha wayefuna ukuthi lo mhlaba ovikelwa kangaka ulinywe ukuze izizukulwane ezilandelayo ziwuthole futhi zikwazi ukuphilisa imindeni ngawo.

OPPORTUNITIES FOR THE YOUTH WITHIN THE DEPARTMENT

Yingakho ke namanje sisenza lelokhwelo lokuthi intsha ayivuke emaqandeni, ibheke naseMnyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo ezisemaKhaya, amathuba akhona aqondene nayo ngqo okuhloswe ngawo ukuphucula isimo kayo, kuphindwe kuthuthuke namabhizinisi ayo emkhakheni wezoLimo. Sinenqwaba yamathuba abhekele ukusiza intsha semkhakheni wezolimo. Lamathuba awemifundaze, izinhlelo zokuxhasa nina njengentsha ekulomkhakha, kanjalo nokuqeqeshwa okusezingeni eliphezulu. Yingakho sininxusa ukuba nibhukule ngoba kubamba ezingelayo, nomculo wakuleli osewalala kobandayo wakusho ukuthi "Uzoyithola kanjani uhleli ekhoneni' ethi imali ngeke izizele kuwe, inyuku iyafuneka madoda. Siphinde sibe nohleloqashwa kwama graduates i-Unemployed Graduate Placement Programme next Mentorship programme okuhloswe ngazo ukuthi labo abanezicucu zemfundo yasemazingeni aphekeme bacoshe ithuba lokuthola isipiliyoni sabasebenzi abawufundele.

Nazi izinhlelo esisiza ngazo abalimi abanyigxubevange yentsha nabadala; futhi ngale kwaloluxhaso siphinde sibe nezikhungo e Cedara College of Agriculture nase Dr Owen Sithole College of Agriculture ezifundisa ngalemikhakha elandelayo ngokwama short course kanjalo nezithatha iminyaka embalwa;

Emunxeni (category) we Red Meat Value Chain sine Beef Production ne Communal Beef Improvement Programme, kanjalo ne Goat Production.

Bese kuthi emunxeni we Nyama emhlophe, sibe nohlelo lwezinkukhu okungama ezesiZulu nezamaqanda nolamthuthu bese kuzoba uhlelo lwezingulube i piggery production.

Emunxenu we Grain Value Chain sinohlelo lulambila, ukolweni, ubhontshisi namakinati, athandwa kakhulu ke lapha eMkhanyakude.

Umunxa we Horticultural Value Chain sine Vegetable production Subtropical fruits.

Bese kuzoba yi Sugarcane production nokutshalwa kukakotini Cotton production.

Lezi izinhlelo esigabe ngazo emNyangweni wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo ezisemaKhaya ukuthi intsha yethu izisukumele. Njengoba ngike ngasho ngaphambilini ukuthi lezi izinhlelo ezixube lezo ezitholakala kuma College akwa Agriculture nalezo esixhasa ngazo intsha ekuleminxa ehlukahlukene engisanda kuyibala. Sifuna ukuthi nina njengentsha nithathe igxathu eliphambili kulezinhlelo esizimemezelayo. Njengabaholi bakusasa, kufanele sibe yingxenye enkulu yokuthuthukiswa komnotho wakuleli ngezolimo.

Siyakuqonda ukuthi intsha yanamuhla ithanda izinto ezisheshayo, lomnyango wezolimo iwubukela le kude. Bese ke kubakhona ingcosana ewukhathalele lomkhakha. Leyongcosana yini enifike lapha ngobuningi benu ukuzothamela loluhlelo enfinesiqniseko sokuthi nohamba la senazi abantu okumele nibahluphe ngezicelo zenu zoxhaso, futhi senithole nomhlahlandlela ngokuthuthukiswa kwamabhizinisi enu ezolimo.

Asiphele isikhathi sokubukela phansi umkhakha wezolimo ekubeni iwona ophethe umgogodla womnotho kuleli. Nakuba sinomthelelo ka 6 wamaphesenti kwi Gross Domestic Product KwaZulu-Natali kepha sibalwa njengomkhakha obalulekile ngoba kahle hle ngeke wenze lutho ungadlile imilhiqizo yakwa Agriculture. Konke esikudlayo kungumkhiqizo wezolimo. So kubalulekile ke ukuthi lomkhakha ube nabantu abanentshisekelo ngawo, abangachithi isizungu kuwona.

CHALLENGES IN UMKHANYAKUDE

Siyazazi futhi siyaziqonda izinselelo ezibhekene nentsha ikakhulukazi lapha eJozini namaphethelo eMkhanyakude, nakuba sisho njalo kepha kuyasiza ukuba nezithangami ezifuze lezi lapho nathi sithola khona ithuba lokuxoxa nani niveze okungaphakathi kini ukuze sisizane.

WATER CHALLENGES

Lapha eJozini namaphethelo sibheke nokuntula amanzi, okuyisikhalo sethu seminyaka. Abanye baze abuse ezinkundleni zokuxhumana ukuthi njengoba sihlinzeka ngentuthuko kangaka nje edinga amanzi, bazowathathaphi nah. Cha, uhlelo lwamanzi oluholwa uMnyango kaZwelonke oholwa uMhlonishwa uPemmy Majodina kanjalo nesifunda uMkhanyakude oholwa uMhlonishwa uSiphile Mdaka lezinhlelo abahleli bezethula zizogcina zisatshalaliswe isifunda sonke. Thina njengomnyango nathi kukhona esikwenzayo ukuhlangabeza imiphakathi ikakhulukazi abalimi abaswele amanzi, lezizinhlelo zifaka phakathi ukwakhiwa kwamadamu nama boreholes. Maduze nje sizobe sethula uhlelo lwama boreholes okuwuhlelo lokusiza abalimi bakithi ngamanzi ambiwe phansi. Siyazi ukuthi lenkinga yokuntula amanzi ishaya kakhulu labo abangekho ngaphansi kohlelo lwe Scheme saseMjindi Farming njengoba sisho ukuthi ngeke sishiye abanye ngaphandle.

FALL ARMYWORM (INCWANGUBE)

Enye yezinselelo esibhekene nayo lapha eMkhanyakude incwangube noma i fall armyworm eyisihlava esibi esihlasela izitshalo ikakhulukazi ezikammbila. Lokhu ke okuthena amandla abalimi abaningi ngoba lento idla kwasani ezitshalweni zabo njengesikhonyane. Yingakho ke sinamakhemikhali okubulala lesisihlava. Thola kabanzi ngalolusizo lapha eMnyangweni kubeluleki bezolimo naboDokotela abaphathelene nezitshalo ukuthi singanqotshwa kanjani.

'EXPENSIVE' AGRICULTURAL PRODUCTION INPUTS

Siyazi lapha eJozini nesifundazwe sonke ukuthi nikhala ngokumba eqolo kwezimbewu, izithombo, umanyolo namakhemikhali. Lezinsiza, sezihlangene nokulinyelwa sinazo emnyangweni, simatasa nje sihlinzeka ngazo kulabo ababebhalisile ngaphambilini. Ngrsonto eledlule sihlomulise ngabangu 750 eBig Five-Year Hlabisa Local Municipality. Loluhlelo luyingxenye ye Multi-Planting Season esiyethule noNdunankulu uMhlonishwa uThamsanqa Ntuli ngoMfumfu (October). Kuzohlomula kulo abantu abangaphezulu kuka 12 thousand abazolinyelwa imiklamo yama hectare angaphezulu kuka 15 thousand isifundazwe sonke.

FOOT AND MOUTH DISEASE

Enye yezinselelo esibhekene nayo lapha eyesifo samatele. Esibheduke eMtubatuba, sakapakela nasOphongolo. Sinxusa ukusebenzisana phakathi kwababfuyi bemfuyo namaphoyisa ukuba bawubambe umthetho wewashi ukuthi azingeqi imigcele yales'funda. Lokhu ke okuyimizamo yethu yokunqanda ukubhebhetheka kwalesisifo esiyingozi ezinkomeni zethu. Sidlangile lapha ngenxa yokuthi sakhelene neziqiwi ezinezinyathi ezinalesisifo. Siphinda sinxusa nabalimi bethu ukuba badibhe imfuyo yabo nokuthi ingabi wuvanzi. Imfuyo ayihlale emadlelweni. NjengoMnyango sikwenza konke ukuqinisekisa ukuthi idibhu nedibhu kwangu 2 207 KwaZulu-Natali, anamakhemikhali nemijovo eyanele izinkomo zenyama emakhaya engabalelwa ku 3 million esifundazweni.

LACK OF ACCESS TO MARKET

Siyakuthola nokuthi abalimi bakithi baswele izimakethe zokudayisa imikhiqizo yabo. Sithi njengamanje akungabi ilabo abakwi Scheme saseMjindi kuphela abanezimakethe kepha akube iwowonke unlimited njengalaba bakaKotini abanezimakethe ngaphandle kokuba kwi Scheme nakuba besebenzisana noMjindi ukuze imikhiqizo yabo idayiseke. Nawo uMjindi ungaphansi koMnyango uyaxhaswa ukusiza abalimi, futhi uyithemba lethu ngokulekelela abalimi ngezinsiza ezifana ne Irrigation scheme enama extension officers athekela ngolwazi olunzulu lwezolimo. Ukubhekana nalenselelo yokuntula izindawo eningazidayisela imikhiqizo yenu, sinezinhlelo esiphezu kwazo zokwakhiwa kwesikhungo i Fresh Produce Agrihub e Richards Bay okuzokwenza kubelula ukuhweba ngemikhiqizo yenu, iphinde yandise umthamo wemikhiqizo edayiselwa izitolo ezinkulu.

IN CONCLUSION

Kulonyaka njengoMnyango ezinhlelweni zonke zokuphucula izimpilo zentsha sizoxhasa intsha engu One Thousand 492 ezinhlelweni ezinhlobonhlobo zokuyifukula nakumabhizinisi akulomkhakha.

Ngokusebenzisana ne Cedara College of Agriculture ne Dr Owen Sithole College of Agriculture sibeke eceleni imali engango R3.5 million yamathuba okuqeqeshwa kwentsha engu One Thousand 772 ngamakhono ehlukahlukene okwenzelwe abalimi abasebancane ngokweminyaka. Siphinde sibe no 6 million wamarandi esiwubekele intsha efunde yangogoda ewu 120 ukuze ithole isipiliyoni kulomkhakha.

Siyafisa ukuthi nihambe lapha senazi ukuthi what's your next from here. Okokuqala ukuthola ama extension officers noma abaluleki bezolimo. Nithole izinombolo zabo, nazi amahhovisi ezolimo athe chithi saka uMkhanyakude wonke eMtuba, Jozini, Hlabisa, Hluhluwe, Manguzi naseMakhathini,, nazi nokuthi olunye ulwazi oluthe thuthu ningaluthola nakwi website yethu ethi www.kzndard.gov.za.

Ngiyathokoza Mphathi wohlelo.